# I-Gmail

**Google Ireland Limited ("Google")**
Gordon House, Barrow Street, Dublin 4, Ireland
https://support.google.com/

*Kuqala ukusebenza ngoDisemba 21, 2020*

**Isifinyezo senkontileka**

- Lesi sifinyezo senkampani sichaza izinto eziyinhloko zomnikelo wethu wesevisi njengoba kudingeka umthetho wase-EU[1].
- Sihloselwe ukusiza wena ukwenza ukuqathanisa phakathi kweminikelo enikelwayo.
- Ulwazi oluphelele mayelana nomnikelo wethu wesevisi luyatholakala kwamanye amadokhumenti.

**Amasevisi**
I-Gmail isevisi ye-imeyili enikezwa kumadivayisi onkana kanye nezinkundla ngesixhumi esibonakalayo sewebhu noma uhlelo lokusebenza. Ukuxhumeka kwe-inthanethi kuyadingeka ukuze kuthunyelwe noma kwamukelwe ama-imeyili nge-Gmail. I-Gmail inikezwe i-Google kusetshenziswa ikhono elizwakalayo nokunakekela, noma kungekho maleveli ekhwalithi yesevisi anikezwayo.

**Intengo**
I-Gmail inikezelwa ngaphandle kwezindleko, futhi ukusebenza kwayo kukhonjelwe ukuthobelana nemigomo yesevisi ye-Google (etholakala ku-https://policies.google.com/terms).

**Ubude besikhathi, ukuvuselelwa nokunqanyulwa**
I-Gmail iyatholakala ukuthi uyisebenzise ngokushesha ngemuva kokubhalisa. Awubophezelekile ukusebenzisa i-Gmail ngobude besikhathi obulungisiwe futhi ukhululekile ukuyeka ukuyisebenzisa noma kunini.

**Izici zabasebenzisi abakhubazekile**
Ungasebenza nge-Gmail usebenzisa isifundi sesikrini kanye nezinqamuleli zekhibhodi futhi ungasetha itimu yokugqama okuphezulu. Eminye imininingwane itholakala ku-https://www.google.com/accessibility/.

**Olunye ulwazi oluhambisanayo**
Usekelo Lwamakhasimende: Usizo / Usekelo lwe-Gmail luyatholakala ku-https://support.google.com/.
Izimpikiswano: Ungakwazi ukuthatha isikhalazo usiyise komunye umhlinzeki wezixazulolo zempikiswano kuhlu ku-https://ec.europa.eu/consumers/odr/main/?event=main.adr.show2 noma omunye umhlinzeki, njengoba kudingeka ngezwe lakho. Imininingane ethuthukile iyatholakala kumigomo yesevisi ye-Google.
Izenzeko Zokuphepha: I-Google inakekela kakhulu uhlelo lokuphatha izenzeko u-24/7 ukukhomba nokuphendula ezehlakalweni zokuphepha nobumfihlo ngaphandle kokubambezeleka. I-Google futhi inikezela Ngohlu Lokuhlola Lokuphepha lwe-Google.
Idatha Yomuntu Siqu: Ukuze ubhalisele i-Gmail, kuzomele unikeze igama lakho negama lomsebenzisi le-akhawunti yakho. Inqubomgomo Yobumfihlo Ye-Google (iyatholakala ku-https://policies.google.com/privacy) inikezela ngolwazi oluthuthukile kwidatha yomuntu siqu eqoqwa i-Google uma usebenzisa i-Gmail. Inqubomgomo Yobumfihlo Ye-Google ayenzi ingxenye yenkontileka phakathi kwakho ne-Google, noma lesi sifinyezo.

[1]Indatshana 102(3) Yesiqondiso (EU) 2018/1972 se-European Parliament kanye ne-Council langomhla ka ka-11 Disemba 2018 ukuqalisa i-European Electronic Communications Code (OJ L 321, 17.12.2018, p. 36).